
NguMongameli
uThomas S. Monson



# Izibusiso Zokuhlonipha

UMongameli uThomas S. Monson usifundise wathi, "Isifundo esikhulu esingasifunda sisekule mpilo yasemhlabeni wukuthi uma uNkulunkulu ekhuluma thina simulalela, siyohlezi senza okulungile njalo."[1]

Phezu kwalokho sizobusiswa futhi. Njengoba uMongameli uMonson asho emhlanganweni omkhulu weBandla osanda kudlula wathi: "Uma siyigcina imiyalelo, izimpilo zethu ziyogcwala injabulo, sizizwe senelisekile, futhi singabi nakho ubulukhuni. Kuyoba lula ukuthwala izinkinga zethu, futhi siyozithola izibusiso ezethenjisiweyo [zikaNkulunkulu]."[2]

Kulokhu okulandelayo okucashunwe ezimfundisweni zikaMongameli uMonson njengo Mongameli weBandla, uyasikhumbuza ukuthi imiyalelo iyisiqinisekiso senjabulo nokuthula.

### Izeluleko Zohambo

"Imiyalelo kaNkulunkulu ayinikiwe ukuthi isivimbele noma ibe yisihibe ekutheni sithole injabulo. Kodwa okuyiqiniso yilokhu. Lowo owasidala futhi nosithanda ngokuphelele wazi kahle ukuthi kufanele siphile kanjani ukuze sizuze injabulo enkulu esingayizuza. Usesinike izeluleko okuyothi uma sizilandela, sihlale siphephile kulolu hambo lwasemhlabeni oluvame ukuba nenkohliso. Siyawakhumbula amagama eculo esilazi sonke elithi: 'Keep the commandments! In this there is safety; in this there is peace' [bheka iculo elithi "Keep the Commandments," *Hymns* no. 303.][3]

### Amandla nolwazi

"Ukulalela kujwayelekile kubo bonke abaphrofethi; kubanike amandla nolwazi kuzo zonke izikhathi. Kubaluleke kakhulu kithi ukuthi sazi ukuthi nathi ngokufanayo sinelungelo lokuwathola lamandla nolwazi. Azohlezi etholakala kithi sonke ngesikhathi sihlonipha imiyalelo kaNkulunkulu. . . .

"Uma sigcina imiyalelo yeNkosi ngokuthanda thina, singaluthola ulwazi esilufunayo, izimpendulo esifisa ukuzithola, namandla esiwadingayo namuhla ukuze sikwazi ukubhekana nezinkinga zalomhlaba oshintsha njalo."[4]

### Khetha ukuhlonipha

"Isikhathi esiphila kuso singesokuvunyelwa kwezinto. Kumaphephandaba nakumabonwa kude kukhonjiswa osaziwayo—labo intsha eningi efisa ukufana nabo—bengayinaki imithetho kaNkulunkulu futhi begabisa ngalokho okugcwele isono, kube sengathi akukho mthelela omubi. Ungakukholwa lokho! Sikhona isikhathi sokwahlulelwa. Onke amakhosazana azobhekana nobusuku—kulempilo noma kwezayo. Usuku lokwaHlulelwa luyeza kubo bonke. . . . Ngiyaninxusa ukuba nikhethe ukuhlonipha."[5]

### Injabulo nokuthula

"Kungenzeka kubonakale kuwe sengathi labo abangaphandle emhlabeni bathokozela injabulo kakhulu kunawe. Abanye benu bangezwa sengathi le nkambiso yokuziphatha esiphila ngayo kuleli Bandla iyabacindezela. Bafowethu nodadewethu, ngithi kini *akukho* okungaletha injabulo nokuthula ezimpilweni nasemiphefulweni yethu ngaphandle koMoya ongeza kithi ngesikhathi silandela uMsindisi ngokugcina imiyalelo"[6]

### Hamba Ngobuqotho

"Ngiyafakaza kini ukuthi izibusiso esithenjiswe zona zinkulu kakhulu. Noma amafu ezivunguvungu engahlangana, ngisho izimvula zingasinetha, ulwazi lwethu lwevangeli nothando lukaBaba wethu oseZulwini noMsindisi wethu kuzosiduduza kusisekele futhi kusilethele injabulo ezinhliziyweni zethu ngesikhathi sihamba ngobuqotho futhi siyigcina imiyalelo. Akukho okuyosehlula kulomhlaba."[7]

### Landela uMsindisi

"Wayengubani loMuntu wokudabuka, owaziyo ngosizi na? Ngubani leNkosi yenkazimulo, leNkosi yamabandla na? YiNkosi Yethu. nguMsindisi Wethu. yiNdodana kaNkulunkulu. ngumMqambi weNsindiso yethu. Uyasibiza uthi, 'Ngilandeleni.' Uyasifundisa uthi, 'Hamba wenze njalo nawe.' Uyasinxusa uthi, 'Gcinani imiyalelo yami.'

Masiyilandele. Masilingise isibonelo Sakhe Masithobele amazwi Akhe Ngokwenza njalo. Simunika isipho sokumubonga."[8]


#### IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO

1. "They Marked the Path to Follow," *Liahona,* ngo-Okthoba 2007, 5.
2. "Keep the Commandments," *Liahona,* ngoNovemba 2015, 83.
3. "Keep the Commandments," 83.
4. "Obedience Brings Blessings," *Liahona,* ngoMeyi 2013, 90, 92.
5. "Believe, Obey, and Endure," *Liahona,* ngoMeyi 2012, 129.
6. "Stand in Holy Places," *Liahona,* ngoNovemba 2011, 83.
7. "Be of Good Cheer," *Liahona,* ngo Meyi 2009, 92.
8. "Finding Joy in the Journey," *Liahona,* Nov. 2008, 88.


### IMFUNDISO EVELA KULOMLAYEZO

Umongameli uMonson usifundisa ngezibusiso ezingi esingazithola ngokuhlonipha, okungamandla, ulwazi, injabulo, kanye nokuthula. Ake ucabange ngokubabuza labo obafundisayo ukuthi babusiseke kanjani ngokugcina imiyalelo. Ungabakhuthaza ukuthi bacabange ngezibusiso zabo nokuthi bakubhale phansi encwadini yokuloba izigigaba zosuku abakucabangayo ngokunjalo nalokho abakubonile nabakuzwile. Ungabakhuthaza futhi ukuthi bakhombise ukumbonga uNkulunkulu ngokuqhubeka nokuhlonipha.

## INTSHA

## Imililo neziFundo zokuHlonipha

Umongameli uThomas S. Monson wake waxoxa ngesikhathi lapho afunda khona ngokubaluleka kokuhlonipha. Ngesikhathi eseneminyaka eyisishiyagalombili ubudala, umndeni wakhe wavakashela indlwana yabo yezingodo eyayisezintabeni. Yena nomngani wakhe babefuna ukususa utshani endaweni encane ukuze benze umlilo. Bazama ukubususa utshani ngezandla, bebudonsa ngamandla, kodwa bakwazi ukudonsa ukhula nje kuphela. Umongameli uMonson wachaza wathi, "Emva kwalokho enqgondweni yami ngafikelwa engakubona kuyisixazululo esihle kakhulu. Ngathi kuDanny, 'Esikudingayo kuphela wukushisa lolukhula ngomlilo.' Sizovele *sibase* umlilo uzungeze lolukhula!'"

Nakuba wayazi ukuthi wayengavunyelwe ukusebenzisa umentshisi, kodwa wagijima waya endlwaneni yabo yezingodo ukuyowulanda, yena noDanny base bebasa umlilo kuleyo ndawana eyayinotshani. Babelindele ukuthi lowo mlilo wawuzozicishela wona, kodwa esikhundleni salokho wakhula waba mkhulu futhi waba nobungozi. Yena noDanny bagijima bayofuna usizo, masinyane abadala base bematasatasa bezama ukuwucisha lowo mlilo ngaphambi kokuthi ufike ezihlahleni.

Waqhubeka uMongameli uMonson wathi, "UDanny nami safunda izifundo ezimbalwa nezinzima kodwa ezibalulekile ngalolo suku—esinye sazo esasingesincane okwakunguku baluleka kokuhlonipha." (Bheka isifundo esithi "Obedience Brings Blessings," *Liahona,* ngo Meyi 2013, 89–90.)

NjengoMongameli uMonson, ngabe nawe wake wafunda kanzima isifundo sokuhlonipha na? Yimiphi imizamo ongayenza ukuze uzigcine uphephile ngokuhlonipha na?

## ABANTWANA

### Khetha Okulungileyo

Ukukhetha okulungileyo kusisondeza kuBaba oseZulwini nakuJesu Kristu. Kuyasisiza futhi ukuthi sihlale sijabule futhi siphephile. Zongolozela lokho ongakwenza ukuze ukhethe okulungileyo.

Khohlisa esikoleni
Funda imibhalo eNgcwele
Yana esontweni
Dlala imidlalo emihle
Xabana nozalwa nabo kwenu
Sebenzela abanye

© 2016 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agciniwe. Igaywe eMelika Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zikhishwe: 6/16. Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zihunyushwe: 6/16. Ukuhunyushwa ko *First Presidency Message, October 2016*. Zulu. 12870 783.

# UMndeni uMiswe nguNkulunkulu

**Ukholo, Umndeni, Usizo**

*Ngomkhuleko funda lemibhalo ngenhloso yokufuna ukwazi ngalokho ongakhuluma ngakho. Ukuqonda "uMndeni: Isimemezelo soMhlaba" kungalukhulisa kanjani ukholo lwakho kuNkulunkulu futhi lukusize ukuthi ubusise labo okufanele ubabheke ngokubafundisa ngokubavakashela na? Ukuze uthole olunye ulwazi, vakashela ku* ***www.reliefsociety.lds.org***.

"Amagama [eculo labantwana], 'The Family Is of God,' . . . Siyakhunjuzwa ngemfundiso emsulwa," kwasho uCarole M. Stephens, uMeluleki wokuQala kubuMongameli jikelele beNhlangano yabesiFazane Yosizo. "Asifundi kuphela ukuthi umndeni ungokaNkulunkulu kodwa futhi sifunda nokuthi sonke ngabanye singabomndeni kaNkulunkulu. . . .

". . . Isu lika Baba labantwana Bakhe liyisu lothando. Liyisu ahlose ngalo ukuhlanganisa abantwana Bakhe—umndeni Wakhe—Naye[1]

Igosa u L. Tom Perry (1922–2015) woMgwamanda wabaPhostoli abayiShumi naMbili wathi: "Sikholwa futhi wukuthi imindeni eqinile ngokwejwayelekile yakha umphakathi ogxilile, umnotho owenza kahle, kanye nomkhuba omuhle wokunaka amagugu—futhi sikholwa wukuthi lezi zinto ziyokwakha iphakade nombuso nomkhandlu oyophatha kaNkulunkulu.

"Sikholwa wukuthi ukuhlelwa nokuphathwa kwasezulwini kuyokwenziwa ngemindeni nezihlobo."[2]

Sonke, oshadile nongashadile onabantwana nongenabo, singalivikela isu leNkosi njengoba lichaziwe kuleso simemezelo somndeni," kwasho uBonnie L. Oscarson, uMongameli jikelele Wamantombazane. "Uma kuyisu leNkosi, kufanele kube yisu lethu nathi imbala!"[3]

## *Eminye imiBhalo eNgcwele eyeNgeziwe*

IMfundiso neziVumelwano 2:1–3; 132:19

## *Imfundiso Ngomndeni*

UJulie B. Beck, owayengu Mongameli jikelele weNhlangano yabesiFazane Yosizo, wafundisa ukuthi inkolo ngomndeni igxile kwiNdalo, Ukuwa, neNhlawulo kaJesu Kristu:

"Ukudalwa komhlaba kwenza ukuba kube khona indawo lapho imindeni yayizophila khona. UNkulunkulu wadala indoda nowesifazane bobabili ababe yingxenye ebalulekile yomndeni. Kwakuyisu lika Baba oseZulwini ukuthi u-Adamu no-Eva bahlanganiswe ukuze bakhe umndeni waphakade.

". . . Ukuwa kwenza ukuthi bakwazi ukuzala amadodana namadodakazi.

"INhlawulo [kaKristu] ivumela imindeni ukuba ihlanganiswe ndawonye ibe ngeyaphakade. Ivumela ukuba imindeni ikhule phakade futhi nokuthi iphelelisiwe Isu lenjabulo, elibizwa futhi ngokuthi yisu lensindiso, liyisu elenzelwa imindeni. . . .

". . . Kwakuyimfundiso kaKristu lena. . . . Ngaphandle komndeni, alikho isu elikhona; futhi asikho isizathu sempilo yasemhlabeni."[4]


**IMITHOMBO OKUTHATHWE KUYO LEMFUNDISO**

1. Carol M. Stephens, "The Family Is of God," *Liyahona,* ngo Meyi 2015, 11, 13.
2. L. Tom Perry, "Why Marriage and Family Matter—Everywhere in the World," *Liyahona,* ngo Meyi 2015, 41.
3. Bonnie L. Oscarson, "Defenders of the Family Proclamation," *Liyahona,* ngo Meyi 2015, 15.
4. Julie B. Beck, "Teaching the Doctrine of the Family," *Liyahona,* ngo Meyi 2011, 32, 34.


### *Ake Ucabange Ngalokhu*

Kungani umndeni ubaluleke kakhulu kulempilo naphakade na?

© 2016 ngabakwa Intellectual Reserve, Inc. Wonke amalungelo agodliwe. Igaywe eMelika. Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zikhishwe: 6/16. Usuku okuvunywe ngalo ukuba lezi zifundo zihunyushwe: 6/16. Ukuhunyushwa kwe *Visiting Teaching Message, October 2016*. Zulu. 12870 783